IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

14/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Estomihi, ngomhla ka 15. 02. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuLuka 18:31, lithi: **ABhekani, sikhuphukela eJerusalema; konke okulotshwé ngabaprofethi ngeNdodana yomuntu kuiyakugcwaliseka.**

1. Iculo 99/91

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu onomusa Baba othandekayo, siyabonga ithuba lokuba sihlangane lapha sidumise wena, Nkosi. Siyacela ukuba usiqinise ekukholweni, usiphe ukukholwa okungapheli noma sisekujabuleni noma ebunzimeni kodwa sazi ukuthi wena ukhona, unathi ngazo zonke izikhathi. Khuluma, Nkosi, ngokuba inceku yakho ilalele. Khuluma kimi Nkosi bese ngikhuluma kubo abantwana bakho. Baphe, Baba, amandla okuqonda ukuthi akukhulumi mina, kepha nguwena uqobo okhulumayo. Siphe uthando, namandla okuba sithobele izwi lakho. Amen

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Amos 5:21-24;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 13:1-13;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-10:38-42.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 74/67

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 8:31-38, lithi: "Khona waqala ukubafundisa ukuthi iNdodana yomuntu imelwe ukuhlupheka ngokuningi, ilahlwe ngamalunga nabapristi abakhulu nababhali, ibulawe, ivuswe emva kwezinsuku ezintathu. Lelizwi walikhuluma ngokusobala. UPetru wamthatha, waqala ukumkhuza. Kepha waphenduka, wabheka abafundi bakhe, wamkhuza uPetru, wathi: Buyela emva kwami, Sathane, ngokuba awuqondi okukaNkulunkulu kepha okwabantu. Wayesebiza isixuku nabafundi bakhe, wathi kubo: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilandele. Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa yami nangenxa yevangeli uyakukusindisa. Ngokuba kuyakumsizani umuntu ukuzuza izwe lonke, alahlekelwe

ngukuphila kwakhe, na? Yingabe angakhiphani umuntu, kube-yisihlengo sokuphila kwakhe, na? Ngokuba yilowo nalowo onezinhloni ngami nangamazwi ami kulesisizukulwane esiphingayo nesonakeleyo, neNdodana yomuntu iyakuba-nezinhloni naye, lapho iza ngenkazimulo kaYise kanye nezingelosi ezingcwele." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, sizwile ngeculo esiqeda kulihlabelela ukuthi likhuluma ngalowo osonqamlezweni. Amavesi okuqala akhomba ngokusobala ukuthi uJesu ufundisa ngokuhlupheka kwakhe, nangokuthi abaningi bayakumlahla ngecala. Ngithanda ukusho ukuthi isihloko salentshumayelo sithi: Nkosi, wahlupheka ngenxa yezono zami, ngiphe amandla okuba ngingabi namahloni ngawe. INkosi uJesu ikubeka ngokusobala ukuthi ziningi izinto okufanele ahlushwe ngazo futhi uyasho nokuthi ngobani abazukumlahla. Lapha sibona isimangaliso sokuthi abantu abafundisa ngezindaba zikaNkulunkulu, nabathi bazi kahle ngomBhalo kodwa ibona kanye abaphikisa iNkosi yamakhosi. Ibona kanye labantu abathi uJesu ufundisa okuphambene nomBhalo. Ibona kanye futhi abafaka umoya kubantu wokuthi uJesu makabethelwe esiphambanweni. INkosi ikhuluma ngezinto ezisazokwenzeka kuyo. Sifanele ukuqaphela abantu abathi bakhuluma ngezwi likaNkulunkulu, kodwa bashumayela, bafundisa okuphambene nalo. UJesu akagcini nje ngokufundisa ngendaba yokuhlushwa kwakhe kodwa futhi ukhuluma nangokuvuswa kwakhe ngosuku lwesithathu. Ukuvuka kwakhe kusho ukuthi isitha esikhulu esinguSathane sinqotshiwe. Ngakho thina bantu bakhe asikhonzi idlozi kodwa iNkosi eyafa yabuye yavuka, yanqoba ukufa. UPetru uma ezwa lelizwi waqala ukumkhuza uJesu. Lokhu kufana nokuthi umuntu athi musa ukukhuluma kanje ngoba lokho okushoyo akusoze kwenzeka kuwena. Lomfundi kaJesu ukhulumisa okomuntu ngoba engaqondi okuzakwenzeka, futhi engathandi ukuhlukana neNkosi yakhe. Sizokhumbula, bandla, ukuthi nguyena kanye lomfundi owamphika kathathu uJesu ngesikhathi sekwenzeka lokhu. Nguyena futhi lomfundi uJesu athi kuye: ASimoni, Simoni, bheka, uSathane unifunile ukuba anihlunge njengokolweni; kepha mina ngikunxusele ukuba ukukholwa kwakho kungapheli; wena-ke, nxa usuphendukile, uqinise abafowenu@ (Luk. 22:31-32).

UJesu uma ezwa okukhulunywa uPetru uthi: ABuyela emva kwami, Sathane, ngokuba awuqondi okukaNkulunkulu kepha okwabantu.@ Kuyamangalisa ukuthi uJesu akasho ukuthi buyela emva kwami Petru, kodwa uthi Sathane. Sifanele ukufunda lapha ukuthi uSathane uyakwazi ukusisebenzisa ukuze siphikisane nezinhlelo zikaNkulunkulu. INkosi yazi kahle ukuthi nguSathane okhuluma kulomfundi, futhi ikubeka ngokusobala ukuthi akaqondi okukaNkulunkulu kodwa okwabantu. Ukwenza kukaNkulunkulu akulula ukuba thina bantu sikwazi ngaphandle kokuthi size sambulelwe, sitshelwe nguye ngokuzakwenzeka. Thina sazi izindlela nezinto zabantu kepha okukaNkulunkulu siyaphikisana nakho. USathane wangena kuAdamu noEva benza okuphambene nomyalo

kaNkulunkulu. Nathi uyasenzisa izinto ezisiholela ekubhujisweni.

Bathandekayo, iNkosi ikhuluma esixukwini nakubafundi bayo ngokuzidela, ngokuthabatha isiphambano, kanye nokuyilandela. Ikubeka ngokusobala ukuthi umuntu ofanele ukwenza lokhu ilowo othanda ukuyilandela, eze emva kwayo. Lamazwi akhomba ngokusobala ukuthi umuntu akaphoqelelwa ukuba enze konke lokhu kodwa kufanele ukuba kwenziwe ngothando nangokulalela izwi lakhe. Izwi likubeka ngokusobala ukuthi kukhona abantu abathanda ukuzisindisa nokuzilungisela intethelelo nokuphila kwabo okuphakade, kepha bayakulahlekelwa ikhona. Kukhona abathanda ukulahlekelwa ukuphila ngenxa yeNkosi uJesu, nangevangeli, labo bayakukusindisa ukuphila kwabo. Konke kubekiwe phambi kwethu ukuthi sizikhethele ukuthi sithanda kuphi, ngokuqutshwa nguMoya oNgcwele ngezwi liyakusindiswa ngenxa kaKristu. Ziningi izinto ezikhona lapha emhlabeni esingathi sikhetha zona. Baningi abantu abadumile nabahlonishwayo, nabaziwa ngokwenza imilingo, esingathi sikhetha ukuba babe ngabaholi bethu. Singakwenza konke lokhu ngoba sifuna, sithanda ukusindisa ukuphila kwethu, kanti asiboni ukuthi siyalahlekelwa ikhona. Sifanele ukuthi sizibuze, sizihlolisise ukuthi ngabe sinawo ini amandla okuba sizisindise nokuzilungisela ukuphila kwethu na, noma qha? Bangaba khona odokotela, izinyanga, izangoma, abathandazi, nabo bonke abantu abaziwa, nabazibiza ngokuthi basindisa abantu, kodwa umbuzo uthi ngabe lokho kusindisa kungokwaphakade noma okwesikhashana na? Siyangayekela ukufakaza ngevangeli, sesabe ukukhuluma iqiniso ngoba sithi abantu abathandi ukuzwa ngalezizindaba ngakho bazosibulala, basishaye, basizonde, noma basenze noma ini embi. Ngakho ukuze sisindiswe nokuphiliswa kwethu masithule singasho lutho sikhulume amanga athandwa izwe.

Umbuzo omkhulu ilona othi: ANgokuba kuyakumsizani umuntu ukuzuza izwe lonke, alahlekelwe ngukuphila kwakhe, na? Yingabe angakhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe na? Uma iNkosi uJesu isibuza kanjena, singathi ikuphi lapho singaphephela khona, nalapho singathola khona ukuphila ngaphandle kwakhe na? Kuyisifo esibi futhi nesinyanyekayo esinaso thina bantu sokuthi sithanda udumo, ukudunyiswa ngabantu, ukuhlonishwa, ukuba ngabalandeli, nokunye. Lokhu sikwenza ngisho singabafundisi, abashumayeli, abantu bebandla, abaphathi, lesisifo esikhona kithina bantu. Ingozi enkulu kungukuthi ngokwenza lokhu silahlekelwa ukuphila okuphakade. Ngezinye izikhathi sizibona singonkulunkulu basemhlabeni ngenxa yokuhlonishwa, ukwenza imilingo, nokuthandwa ngabantu abaningi, sikhohlwe ukuthi ukhona uNkulunkulu weqiniso ofanele ukudunyiswa ngabantu bonke. Sizithathelani udumo lukaNkulunkulu silwenze olwethu na? Sithandelani ukuba abantu basidumise thina esiyizidalwa zakhe esikhundleni sokuba kudunyiswe yena ophezulu na?

Asinakho esingakukhipha kube isihlengo sethu, siyasabelwa sona ngokukholwa iNdodana kaNkulunkulu ezelwe iyodwa. Nguyena kuphela oyisihlengo, nesiphephelo sethu. Lendaba ayifani nezinto zalapha emhlabeni lapho abantu bekhipha imali nokunye ibe isihlengo ngezenzo zabo ezimbi, noma becabanga ukuthi sinhle. Lokhu kwenziwa, uma umuntu usabanjiwe ngokuzikhohlisa ngemisebenzini yakhe, bese ekhipha okuthile ukuba kube isihlengo sakhe esizomvikela ekujezisweni. Thina bantu, masingakwenzi lokhu ezindabeni zokukholwa nguNkulunkulu, ngoba nguyena osilunigsele isihlengo ngoKristu, asikho esinye esithokozisa uNkulunkulu. Sifanele ukuthi singabi namahloni ngeNkosi yethu, nangenkolo, siyivume, sifakaze ngaye, kuyisikhathi noma kungesiso noma ngabe sibhekene nokufa imbala. Ngoba naye ngeke asiphike phambi kukaBaba.

Noma sazi ukuthi siyisizwe esiphingayo ngokweqa umyalelo wokuqala nowesithupha. Siphinga ngokukhonza abanye onkulunkulu kanjalo nokulalana kungafanele. Sihlabela abanye onkulunkulu sibakhonze, sizenzele bona, esikhundleni soPhezu konke, siyazi ukuthi yena unguye osibiza namuhla ukuba sibuyele kuye, samukele ukukholwa ukuthi uJesu Kristu iNdodana yakhe usilungisele isihlengo sokuhlenga umuntu nomuntu, noma wasiphi isizwe ukuba ahlengwe esonweni sokuphinga, sokweqa umyalelo wokuqla, nowesithupha, noma omunye umyalelo. Yikho iNkosi uJesu Kristu esilungisele khona ngokuzinikela ekuhlushweni nasekufeni. Uyathanda ukuba bonke abantu kanye nathi sisindiswe ngokukholwa nguye. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba osezulwini! Sibonga sibabaza uthando lwakho. Usiphile iNdodana yakho ukuba isihlawulele amacala ethu ngegazi layo. Mawusabele ukwamukela isithelo sokuhlupheka nokufa kukaJesu, sisindiswe ngokukholwa nguMsindisi wethu nangokuzinikela kwakhe ekufeni, yena okhona njalo, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye weqiniso, kuze kube phakade. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 216/150

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2003, yathunywa nango2009 ngu-S. E. Sithole.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.